# HILLCREST HIGH SCHOOL

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

## UKUHLOLWA KUKA-JUNI 2019

## IBANGA LESI -9

## IPHEPHA LESIBILI ( P2)

ISIKHATHI : AMAHORA AMA-2

AMAMAKI:100

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Phendula yonke imibuzo kuleli phepha
2. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuphendula
3. Bhala ngesandla esibonakalayo
4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe

## UMBUZO 1

### Wakubona Wakubeletha- M.T Mkhize

### Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela

"Yikho –ke lokhu okudale ukuba sikubuze Mnumzane Zulu ukuze sazi ukuthi wena awuhlobene yini naye ngoba phela sekudingeka ukuba afihlwe uCele lona. Manje uyavuma –ke ukumfihla umhlobo wakho lona Mageba?" kubuza uSonhlalakahle.

Lo mbuzo kaMbonambi waba lukhuni kuZulu njengoba phela ukungcwaba lokhu kwabe kuzodinga imali, lena naye abe engenayo. Wathi ubheka uMaKhumalo wamthola naye enikina ikhanda. Kwafika emqondweni wakhe uZulu ukuthi konje uyikholwa. Mhlawumbe lokhu kwabe kuyindlela uNkulunkulu abe ehlola ngayo ubuqotho bokukholwa kwakhe. Uma uCele ayemphathe kahle ngenkathi esemi kahle yini eyabe ingadala ukuba yena angamkhombisi ukubonga ekugcineni?

UZulu wabuza kuSonhlalakahle ukuthi kanti uhlelo lukaHulumeni lokugcwaba **izimpabanga** luhamba lugcine kuphi? USonhlalakahle wathi uHulumeni uye acele abangcwabi bangcwabe ebese yena ekhokha lezo zindleko, kodwa manje abangcwabi baye bakhale ngokuthi imali abaye baxhaswe ngayo uHulumeni iye ibe ngencane kakhulu kunalezo abavamise ukuzinquma uma bengcwaba ngokujwayelekile. Kungakho nje kuye kutholakale abantu sebengcwatshwe ndawonye emgodini owodwa. USonhlalakahle wethembisa ukuthi yona imali kaHulumeni aye ahlangabezane ngayo nomngcwabo ayiyimbi kakhulu. OkaMageba wabuza kuMaKhumalo ukuthi uthini, wathi naye akazi. Kwafika izwi ngaphakathi kuyena uZulu elathi makavume ukuthwala umngcwabo engazi ukuthi uyothini lapho sekuqhamuka abomndeni kaCele emva kwesikhathi bezomfuna kuyena.

1.1.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

1.1.2 Khetha abalingwa ABABILI kulaba abalandelayo, uchaze iqhaza labo kule ndaba.

a) Mlahleni Cele
b) Bekezela Zulu (4)
c) MaKhumalo
d) Mnu Mbonambi

1.1.3 Ngephuzu ELILODWA ,bhala inkinga ayayibhekene noMnumzane uZulu. (2)

1.1.4 Wabe enza umsebenzi muni uMnu. Mbonambi. (2)

1.1.5 Yikuphi okwenzeka empilweni kaMnu.Cele okwaholela ekutheni agcine esehlala emgwaqeni. (2)

1.1.6 Tomula umusho osesiqeshini osifundile osivezela ukuthi uMnumzane uZulu wabe engumuntu okholwayo. (2)

1.1.7 Bhala isizathu ESISODWA esenza uMnu. Zulu avume ukugcwaba uMnu Cele nakuba babengahlobene. (2)

1.1.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo lichaza:

Uhlelo lukaHulumeni lokugcwaba **izimpabanga** luhamba lugcinephi?

A. Umuntu oyisigwili
B. Umuntu onenhliziyo embi
C. Umuntu ohluphekayo
D. Umuntu omgusomahlaya (1)

1.1.9 Ngokuhlola kodokotela ,bhala OKUBILI okwaba imbangela yokushona kuka Mnu Zulu. (2)

1.1.10 Le ndaba iphethe ngendlela ebesingayilindele. Ngephuzu ELILODWA bhala okwenzeka esiphethweni esasingakulindele. (2)

1.1.11 Qondanisa IKHOLOMU A ne KHOLOMU B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.111 King Edward VIII Hospital | A. Igama lengane kaBekezela Zulu. |
| 1.1.12 EZinkawini | B. UNkosikazi ka Mnu.Zulu. |
| 1.1.13 UNomasonto | C. Isamba semali eyatholakala kuMnu Zulu. |
| 1.1.14 UMaKhumalo | D. Igama lamathuna okwangcwatshwa kuwo uMlahleni. |
| 1.1.15 R150 000 | E. Isibhedlela okwashonela kuso uMlahleni. |

(5)

**[25]**

**'IMFIHLO KAMAKOTI' – MT Mkhize**

**Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

Ekuseni, phambi kokuba ahambe uRoy wazizwa eneqholo lokuba atshele unina ukuba asale esexola kokwabe kwenzekile ngoba kwakungasekude ukuba amlethele umakoti omusha ekhaya owabe ezomsiza kuyo yonke imisebenzi yasendlini.

'Ngabe usulale wavuka usunemali njalo Roy njengoba ukade uyilandula khona ebusuku nje?' Kubuza uMaKhulu engena ephuma nakhu phela ulungiselela ukuwasha izingubo ayelokhu ezicwilise ngayizolo ukuze asheshe azeneke angaze athathwe ngezinye izindlela zangoMgqibelo.

'Impela Ma, nginayo noma ngingenayo imali, kufanele ukuba ngikulethele umuntu lapha ekhaya ozokusiza.' 'Zaze zamnandi-ke izindaba Roy! Kodwa ebe engowakwabani yena lowo mntwana wabantu okwaze ukukunqoba, Roy?' Kubuza uMaKhulu. 'UngowakwaMsomi khona lapha eMlazi, kwa-R, Ma.' 'Ewu, kanti nguNomndayi? Kudela owaziyo ukuthi yena ubegeze kuphi!' 'Ubengageze ndawo kodwa ngicabangela wena njengoba kade usho nje ebusuku. Okunye-ke futhi **okungiqinisa idolo** kube ngukuzwa ukuthi kubo akulotsholwa njengoba nami ngingenamali nje.'

'Usho ukuthi kanti ngumfazi wamahhala lowo, Roy?' 'Cha phela Ma, uRebecca uthi kuyisiko lakubo ukuthi umuntu angathengiswa ngoba akasiyona impahla.

'Ewu, kwasengathi ngiyakweshwama-ke lokho Roy! Kodwa-ke sesiyobona okwenzekayo. **Ukumupha iso-ke nje** nathi ebesithanda ukukwenza ungakamfaki lapha ekhaya.

1.2.1 Bahlangana kuphi oRoy noRebecca? (1)

1.2.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

URoy wathola ibhantshi lakhe:

A- ELondolo
B- Ekhumbini
C- Ethuneni (1)

1.2.3 Tomula isithakazelo sakwaMsomi esisesiqeshini esingenhla. (1)

1.2.4 Kungani uRoy ehlala nomama wakhe nakuba esemdala? (2)

1.2.5 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo

a) Okunye-ke futhi **okungiqinisa idolo** kube ngukuzwa ukuthi kubo akulotsholwa njengoba nami ngingenamali nje. (2)

b) '**Ukumupha iso-ke nje** nathi ebesithanda ukukwenza ungakamfaki lapha ekhaya.' (2)

1.2.6 Washona kanjani uRebecca? (2)

1.2.7 Yini eyayenza umphefumulo kaRebecca ungakutholi ukuphumula? (2)

1.2.8 Bhala OKUBILI uRoy okwakufanele akwenze ngale mali ayinikezwa uRebecca. (4)

1.2.9 Ngokucabanga kwakho kwakufanele enze njani umama kaRebecca ngenkathi uRebecca efika yize esashona. (2)

1.2.10 Yimuphi umzamo owenziwa umama kaRebecca ukumsiza ukuthi alale ngokuthula? (2)

1.2.11 Le ndaba yenzeka endaweni esedolobheni. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.2.12 Bhala isifundo ositholile kule ndaba. (2)

[25]

**AMAMAKI ESEWONKE ESIQEPHU A:50**

## ISIQEPHU B: UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso amagama angama -80 kuya kwayi-100

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho akaphumelelanga kahle esikoleni ngethemu lokuqala, lokhu kumphathe kabi kakhulu, njengoba esecabanga nokusiyeka isikole. Bhala incwadi umduduze futhi umkhuthaze ukuze asebenze kanzima. (30)

**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

Umfundi ebeninaye emkhandlwini wabafundi (RCL) unishiye ngokukhulu ukuzuma emhlabeni. Umndeni wakhe ukucele ukuba uwelekelele ukubhala umlando wakhe. Bhala umlando ngomufi. (30)

**2.3 INGXOXO**

Isikole senu besivakashele ePort Shepstone High siyodlala umdlalo womboxo, abanye abafundi babe sebexabana balwa, wena ube usuthatha ividiyo wayisabalalisa ezinkundleni zokuxhumana.UThishanhloko ube esethola ukuthi uwena ocekele igama lesikole phansi. Bhala ingxoxo phakathi kwakho noThishanhloko ngalolu daba. (30)

**2.4 AMAMINITHI OMHLANGANO**

Inhlangano Interact Club ibe nomhlangano wokuqala onyakeni, lapho bekuzokhethwa amalungu amasha. Bhala amaminithi omhlangano ahambisa ne –Ajenda. (30)

**AMAMAKI ESIQEPHU B:30**

## ISIQEPHU C

## UMBUZO 3

**Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama angama 60 kuya kwangama-80**

3.1 **IKHADI LESIMEMO**

Umfowenu/Udadewenu omdala uzobe eqeda iminyaka eyi-16 ,umndeni uhlele ukumenzela iphathi. Bhala ikhadi lesimemo, umeme abangani nezihlobo abazohambela lo mcimbi. (20)

3.2 **ISIKHANGISI**

Uvule ibhizinisi loku washa izimoto edolobheni langakini. Bhala isikhangisi usikhangisele ngaleli bhizinisi lakho. (20)

3.3 **UMYALELO- IRESIPHI**

Ungenele umncintiswano wakwa Defy wokupheka noma ukubhaka . Bhala I resiphi yozokupheka ukuze uwine lo mcintiswano. Iresiphi yakho kumele ibe nezithako ezingaphezulu kweziyisikhombisa. (20)

**AMAMAKI ESIQEPHU C:20**

**AMAMAKI ESEWONKE :100**